

IVALIWE IZE IKHULUNYWE

AMAZWI OKULILA, UKUZINIKELA NOKUZWELANA KWEQEMBU
LENKATHA YENKULULEKO NEMINDENI, ABANGANI
NOMPHAKATHI WAKULESISIFUNDA NGALABO ABAFELE
ENDLUZULENI : IKAKHULUKAZI UMNU FANA NZIMANDE,
UNKSK. NKONAKHO NZIMANDE NEZINGANE ZABO AWO-
SIBONGISENI, MDUDUZI, NHLANHLA NOLINDELANI

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA
YENKULULEKO NONGUNDUNANKULU WAKWAZULU

EMAHHOVISI ESIZWE, ESIPHAHLENI : EPHATHENI : ESIFUNDENI
SAKWAHLANGANANI : (ELOVU - RICHMOND) 30 AGASTI 1992

SIZE LAPHA UKUZE SIBENANI - NOMNDENI - NOMA - IZIHLOBO ZOMNDENI
WAKWANZIMANDE, ABANTU BASEPHATHENI, ABANTU BESIFUNDA
SAKWAHLANGANANI KANYE NABANTU BASERICHMOND. SIZE LAPHA
UKUZOLILA NGOKUBULAWA NGONYA KOMNDENI WAKWANZIMANDE

NGEZIBHAMU ZOHLOBO LWE-AK-47 NE-R4. // SIZE LAPHA UKUZOLILA
NGOKUFA KWEZAKHAMIZI—EZININGI—ZALENDAWO ZIFELA ENDLUZULENI
YOMBUSAZWE, NGOBA —PHELA —UKUFA —KOMNU —NONKSK. NZIMANDE
NEZINGANE ZABO —BUMANE KUGQAMISA —INTO —ESIQHUBEKE —ISIKHATHI
ESIDE LAPHA —KULESISIFUNDA. LOKHU —KAKUYONA —INTO —EYENZEKA
KULESISIFUNDA KUPHELA —NJE, KEPHA SEKUNEMINYAKA —EMININGI
YENZEKA EZINGXENYENI EZININGI ZESIFUNDA SAKWAZULU —NENATALI.
NGOKWAZI KWAMI ZIMBALWA IZIKHATHI LAPHO LOKHU KUBULAWA NGONYA
KWABANTU ABANGENACALA —KUHOLELE KHONA —EKUBOSHWENI —KWABABULALI.
KAKUMANGAZI —KE UKUBA —ABENZI —BALAMACALA —EGAZI —ANYANYEKAYO
BAQHUBEKE NOKUBA —NESIBINDI —ESIKHULU —EKUBULALENI —ABANTU
BALESISIFUNDA NGALESISIHUKU ESINGAKA.

NGOKUJWAYELEKILEYO UMUNTU —ANGACABANGA —UKUTHI —IZINTO
ZALOLUHLOBO KUFANELE ZIBAVUSE ABANTU BAKULESISIFUNDA NABANTU
BESIFUNDA SAKWAZULU —NENATALI —NABASENINGIZIMU —NE-AFRIKA
BAKUGONDE OKWENZEEKAYO NJENGOBA —ZIQHUBEKA —NJE —NOKWENZEKA
LEZIZINTO. KEPHA —NJENGOBA —NAZI —NANJENGOBA —NAMI —NGAZI,
KAKWENZEKI LOKHO. NGOKUQHUBEKA KWALOKHU —KUBULAWA —KWABANTU
NOKUKHULA KWESIHLUKU —OKWENZIWA —NGASO, —KUBONAKALA —SENGATHI
ABANTU NABO. BAYA —NGOKUYA —BELUJWAYELA —LOLUNYA —NESIHLUKU
SALOKHU KUBULAWA —KWABANTU. NGOKWANDA —KWABANTU —ABABULAWAYO
KUNGEKHO ABABOSHWAYO —NGOKUBULAWA —KWABO, —NABABULALI
BAYANGOKUYA BEBANESIBINDI ESIKHULU EKWENZENI LAMACALA EGAZI
ANONYA. NGOKUQHUBEKA KWALOKHU —KWENZEKA —KUBONAKALA —UKUTHI
NEMPILO YEZAKHAMIZI IYA NGOKUYA ISHIBHA. ■

NGINGATHINI NJE — BAKITHI — ESIKHATHINI — ESIFANA — NALESIS?
NGINGAWAFUMANA KUPHI NJE AMAZWI ADUDUZAYO NAMAZWI ANGAKHIPHA.
UDOSI OLWESABEKAYO — EKUFENI NA? YINI NJE UMUNTU — ANGAYISHO
ENGAFINYELELA EZINHLIZIYWENI — EZIDABUKILEYO — NASENTUKUTHELWENI
EVUTHA AMALANGABI — ESIKHATHINI — ESIFANA NALESIS — NA? OKUYIKUPHELA
KWENTO ENGINGAYISHO — YIKUTHI — KAKUKHO — LUTHO — OLUNGASHIWO
OLUNGAGEDA IMINJUNJU — YOBUHLUNGU, — INTUKUTHELO, — NESIHLUNGU
ESIPHILAYO EZINHLIZIYWENI — NASEMIGONDWENI, ^{NGEGAZI} KANYE
NASEMIPHEFUMULWENI UQOBO, YALABO — ABE BESONDELENE — NABAFOWETHU
NODADEWETHU ABABULawe NGESIHLUKU ESINGAKA.

NGIYAZI UKUTHI NXA NGISUKE NGILILELA LABO ABAHAMBILEYO KOWAMI
UMNDENI, KUYE — KUDINGEKE — UKUBA — NGIHAMBE — NAYO — IMINJUNJU
YOBUHLUNGU, NGILALE — NAYO — NGIZE — NGIGCINE — NGIYEMBOZE
NGOKUMAMATHEKA NGOBA — NGIYAZI — UKUTHI — YILOKHO — LOWO NALOWO
KWABABHUJELWE NGABANTU BABO KULENDAWO ABAZOKWENZA — ESIKHATHINI
ESIDE ESIZAYO. IMINJUNJU — YOBUHLUBU — BOKUDABUKA KAYIYONA
IMITHWALO ONGAYETHULA UYEDLULISELE KOMUNYE UMUNTU, NGABANTU
BAKINI ABATHANDEKAYO ABABULEWEYO. NGUWE OLAHLEKELWEYO — FUTHI
NGUWE OZWA LEYOMINJUNJU — YOBUHLUNGU.

NGIZE LAPHA KANYE NAWOZAKWETHU NAMANYE AMALUNGU EQEMBU
LENKATHA YENKULULEKO — AVELA — KWEZINYE — IZINDAWO
UKUZONIPHAKAMISA, UKUZONEMBESA — INGUBO — YOTHANDO,
UKUZOWAKALISA UBUMBANO — NANI — NOKUBA — LAPHA — KULENDAWO
NGIZINIKELE EKUGINISEKENI — KOKUBA — UBULUNGISWA — BENZEKE
KULELIZWE, NGIYAZINIKELA FUTHI NGIYATHEMBISA — UKUTHI — LOKHU
KUCEKELWA PHANSI NGEZIBHAMU — KWABANTU BESILISA, ABESIFAZANE
NEZINGANE EZINGENACALA — NGEZIBHAMU — NGEKE — KUVUZWE — NGODUMO
LOMBUSAZWE KULABO — ABENZE — LESISENZO — ESENYANYEKA /^o KANGAKA.
YILOKHO LELO NALELOLUNGU LEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO ELIZE
UKUZOKWENZA LAPHA. *

~~LEZI~~
YIZIKHATHI EZIBUCAYI — KAKHULU — LEZI — ESIPHILA — KUZO. NAMHLANJE
SINGCWABA ABAFILEYO — KULENDAWO. KWEZINYE — IZINDAWO — AMANYE
AMALUNGU EQEMBU LENKATHA YENKULULEKO — AZOBE ENGCWABA ABAFILEYO
BAWO. SESIPHENDUKE — UKUDLA — KWEMPI — KULOKHO — I-ANC — EKUBIZA
NGOKUTHULA. WONKE — AMAZULU — AKHIHLA — ISILILO — FUTHI — SITHI
KUYIHLAZO LOKHU OKWENZIWA YI-ANC NEZIKHALI ZAYO ZOKUFA. ZONKE
IZINYANYA ZAKITHI — ZIYAKHALA — ZITHI — KUFANELE — SITHI — SEKWENELE.
NGIYAKUSHO LOKHO — MANJE. WONKE AMAGHAWA — NAMAQHEWEKAZI — AKITHI
NABOBONKE ABANTU — BAKITHI — ABAFELE — UMZABALAZO — UKUZE — THINA
SIKHULULEKE, KUFANELE — UKUBA — BAYANYAKAZA — EMANGCWABENI — ABO
BEMANGALA NJE — UKUTHI — SILUHLOBO — LUNI ^{bono} LWABANTU — UKUBA
SINGAVUMELA UKUBA KUQHUBEKE LULUHLOBO — LOKUBULAWA — KWENZALO
YABO.

^{Lom}
NGALE KWAKHOKONKE UMUNTU ANGAKUBONA NALOKHO ANGASE AKWAZI

KUKHONA, UBUBI — OBUKHULULIWEYO — EBUSWENI — BOMHLABA — OKUYIBONA
OBUTHELA LOKHUKUFA — NOKUCEKELA — PHANSI — EMAKHANDA — ABAFELWEYO
ESIBAZUNGEZE NGOTHANDO — LAPHA — NAMHLANJE. — ^{hona kunye} SIZE LAPHA
UKUZONITHANDA NOKUNIQINISA NOKUBA SIZOKUSHO UKUTHI ^{le ndlela} SIZONGOBA.

NGIYAZIBUZA NGINGAFUMANI — ZIMPENDULO — KULEMIBUZO — YOKUTHI YINI
NGEMPELA ESIFAKE — ABANTU — ABAMNYAMA — BASENINGIZIMU — NE-AFRIKA
UMOYA OMUBI — KANGANGOBA — SEBEGUQUKELE — EKWENZENI — LAMACALA
ESABEKA KANGAKA KWABANYE ABANTU BAKUBO NA? KWENZEKENI KUBANTU
ABAMNYAMA UKUZE IMIZWA YABO IQINE NGALENDLELA — YOKUBA KUNGABE
KUSADIKIZA NANQULU NJE KUBO NXA KWENZEKA IZINTO EZENYANYEKA ^{yo}
NJENGOKUCEKELWA PHANSI — KWALOMFOWETHU — NODADEWETHU — NEZINGANE
ZABO EZINEMINYAKA EYI-15, 12, 9, NO-6, UKUBA BANGABE BESENZA
LUTHO MANJE UKULANDELA LABABENZI BALEZIZENZO — EZENYANYEKA ^{yo}
NGALENDLELA NA?

NGIYAZIBUZA UKUTHI — ^{ezweni} KWENZEKENI — EMASONTWENI — NAKUBAHOLI
BAMASONTO ASEBEKHOMBISA — UKUCHEMA — OKUNGAKA — EKUZWAKALISENI
UKUCASUKA — ^{ezweni} KWABO KWENZEKA LEZIZINTO EZESABEKAYO NA? KWENZEKENI
MANJE UKUBA KUTHI NXA ABANTU BEBULAWA EISHO ZONKE IZINSUKU
NGESIHLUKU ESINGAKA THINA — ESIKWAZULU — NESISEQENJINI — LENKATHA
YENKULULEKO SINGAFUMANI — MYALEZO — YOKUZWELANA — NATHI — EVELA
KUWOWONKE AMAZINGA OMPHAKATHI WAKITHI NA? KEPHA KUTHI NXA

KUKHONA NOMA YIBAPHI ABANTU I-ANC ETHI BANGAMALUNGU ABO
ABABULAWAYO LONKE -IZWE -LIZAMAZAME -KUSUKELA -PHEZULU KUYE
KUFINYELELE PHANSI. BONKE ABAHOLI BAMASONTO ABAVELELEYO
BAKLALABALASA KUYE KUYOZWAKALA -EMAZULWINI -NXA -LOKHU -KWENZEKA
ABANYE BABO BAZE BASIKHIHLE NASOBALA? NGIYAWUBUZA -LOMBUZO
WOKUTHI NGABE -BONKE -ABANTU -ABANGAMAZULU -KABANAMIPHEFUMULO
YINI BONA ^{Noma She} NA? NGIYAWUBUZA -UMBULO WOKUTHI NGABE AMALUNGU
EGEMBU LENKATHA YENKULULEKO AFANA NOMNU. NONKSK. NZIMANDE
NEZINGANE ZABO EZINE -KABANAYO YINI ^{Naso} BONA IMIPHEFUMULO NA?
NGIYAWUBUZA UMBULO -WOKUTHI -NGABE -SONKE SIYIZINGANE
ZIKANKULUNKULU NJENGOBA SITSHENWA YISONTO NA? NGIYABUZA FUTHI
NOKUTHI NXA -KUNJALO -NGABE -IMPILO -YEZINYE -IZINGANE
ZIKANKULUNKULU ISHIBHILE YINI YONA KUNEMPILO YEZINYE IZINGANE
ZIKANKULUNKULU NA? SENGIGALA UKUCABANGA UKUTHI NOMA NGABE
KUNJALO NOMA -KAKUNJALO -KAKUNGABAZEKI -UKUTHI -KUKHONA
AMAKHRISTU NABAHOLI BESONTO KULELIZWE OKUBONAKALA UKUTHI
BAKHOLWA YIKUTHI KUNJALO, NXA UMUNTU ETHATHA NGENDLELA
EYEHLUKILEYO ABAPHENDULA NGAYO NXA KWENZEKA INTO EFANAYO
EMALUNGENI OMPHAKATHI WAKITHI OSEZINHLANGOTHINI EZEHLUKENEYO
ZOMBUSAZWE. *[Signature]*

NGIYAWUBUZA UMBULO WOKUTHI -NGABE -YIYONA -NINGIZIMU NE-AFRIKA
ENTSHA ^{YENI} LE WONKE UMUNTU ASEKHULUME NGAYO KUSUKELA NGOFEBHUWALI
KA-1990, NGENKATHI UMENGAMELI WOMBUSO EKHULULLA -IZIBOSHWA
ZOMBUSAZWE NANGENKATHI -EVULA -IZINHLANGANO -ZAZO -ZOMBUSAZWE
EZAZIVALIWE NA? NGIYAFISA SENGATHI KUNGABAKHONA ONGANGINIKEZA

IZIMPENDULO ZAYOYONKE LEMIBUZO ENGIHLUPHAYO ENGIZIBUZA YONA
NGINGAFUMANI MPENDULO EBUHLUNGWINI BOKUDABUKA KWAMI. 0

USUKU LWANAMHLANJE BELUHLELELWE UMHLANGANO WOMGWAMANDA
WEGEMBU LENKATHA YENKULULEKO FUTHI OBEKUZOBA NGUMHLANGANO
OMBOKA KAKHULU LAPHO BESIZOXOXA KHONA NGEZINDABA ZOKUPHILA
NOKUFA. KEPHA KUTHE NXA NGIZWA UKUTHI KWENZIWE AMALUNGISELELO
ALOMNGCWABO NAMHLANJE, — IMINJUNJU — YOBUHLUNGU — BENU
YANGIBELESELA NGAZE NGABONA — UKUTHI — KUFANELE NAKANJANI
NGIBENANI LAPHA NAMHLANJE. NGIWUCHITHILE — LOWOMHLANGANO
WOMGWAMANDA UKUZE — NIKWAZI — UKUZUNGEZWA — YUTHANDO — NAMANDLA
ANGAWENU EGENJINI LENKATHA YENKULULEKO.

~~SIZE LAPHA UKUZONITSHENA — UKUTHI — SIYABAZI — UBUBI — OSEBUCEKELE
LENDAWO PHANSI — ESENZWENI — ESENYANYEKAYO — ESESILALISE — ABAFOWETHU
NAWODADEWETHU PHANSI, UKUBA BAPHUMULE — KULOBUBURI — BANAMHLANJE.~~

NGILETHE LAPHA AMAZWI — AMI — OKULILA, ^{Yeni Nani} AWOMKAMI, AWOMNDENI WAMI,
AWASOSONKE ISIZWE SAKWABUTHELEZI ENGIYINKOSI YASO, AMALUNGU
OMKHANDLU WAKWAZULU — OSHAYUMTHETHO, IKHEBHINETHI — YAKWAZULU
KANYE NALOLONKE ELAKWAZULU. ABANYE OZAKWETHU
ABAKUKHEBHINETHI BALAPHA — KANYE — NAMI — NGALESISIZATHU.
NGELAKWAZULU KANYE NABOBONKE ABANTU BAKWAZULU ABAKWENYANYAYO
LOKHU OKWENZIWE KINI. NXA KUNGAMAZULU ENZE LENTO ^{ey} ENYANYEKA

KANJE LAPHA PHAKATHI KWENU, KUSHO UKUTHI IZINYANYA ZALOWO
NALOWOMUNTU ONGUMZULU NGEGINISO ~~ZIYAKHALA~~ ~~ZIKHALELA~~ UKUBA
KUBUYISELWE ISITHUNZI ~~SOKUHLONIPHEKA~~ ^{SWETA} KUBANTU.

UBUBI BALOKHO ~~OKUNGALE~~ ~~KWAMEHLO~~ ~~NOKUQONDA~~ ~~KWETHU~~ ~~OBULANDELA~~
LELIZWE BUKWENZA LOKHO ~~KUCASHE~~ ~~NGEZENZO~~ ~~EZESABEKA~~ ~~KAKHULU~~.
NGINGUMKHRISTU MINA, ~~KEPHA~~ ~~NAMHLANJE~~ ~~NGIYAKUQONDA~~ UKUTHI
ABANTU BAFIKELWA ~~YIMIPHI~~ ~~IMIZWA~~ ~~NXA~~ ~~BECABANGA~~ ~~NGABANTU~~
BESILISA NABESIFAZANE ~~ABAKHOHLAKELEYO~~ ~~ABALINGISA~~ ~~IZIMPISI~~
EZEHLA ZENYUKA EBUSUKU ZICHAMELA ~~IZIMBIZA~~ ~~ZABANTU~~ ~~ZOKUPHEKA~~
ZIMBA NEZIDUMBU ~~ZEZINGANE~~ ~~EMANGCWABENI~~ ~~UKUZE~~ ~~ZIZIDLE~~.
NGIYAKWAZI UKUTHI KUFANELE KUBENJANI UKUQONDA INTUKUTHELO
YEZINYANYA ESEZIFULATHELE ~~ABANTU~~ ~~ZAVUMELA~~ ~~UKUBA~~ ~~BEHLELWE~~
YIZOZONKE IZINHLOBO ZOBUBI. LOLUNYA OLUNGAKA LWENELE UKUBA
LWENZE IZINYANYA ~~ZAKITHI~~ ~~ZISIFULATHELE~~. LOLUNYA OLUNGAKA
LWENELE UKUBA ~~LWENZE~~ ~~NGISHO~~ ~~NONKULUNKULU~~ ~~UQOBO~~ ~~UKUBA~~
ASIFULATHELE.

UMGOMO WETHU ~~ESIWAZISA~~ ~~KAKHULU~~ ~~WOBUNTU~~ ~~BOTHO~~ ~~OPHAKAMISA~~ ~~LESO~~
NALESOSIDALWA NJENGESIDALWA ~~ESIDALWA~~ ~~ESIMQOKA~~ ~~SEMPILO~~,
ULINYAZWA KAKHULU YILOKHO OKWENZEKA EZINDAWENI ~~EZIFANA~~ ~~NALEZI~~
LAPHO ABANTU ABAFANA NALABO ESIZOBAFIHLA ~~NAMHLANJE~~ ~~BECEKELWA~~
KHONA PHANSI ~~BEHLUKANISWE~~ ~~NEMINDENI~~ ~~NESIZWE~~ ~~SABO~~ ~~NGONYA~~.
LIVELAPHI LONA LELISIKO LENDLUZULA LAPHO ABANTU BEBULALA

KHONA ABANTU BAKUBO EMINI ^{SN}KABHA NGALENDLELA ~~ENONYA~~ KANGAKA
NA? NGISHO NANGENKATHI OBABAMKHULU BABELWA ~~BODWA~~, KABAZANGE
BABABULALE ABESIFAZANE ~~NEZINGANE~~. NINGAKUCABANGA ~~NJE~~ UKUBA
NITHI ENDDENI ~~NOMKAYO~~ KABABHEKE ~~OBONDENI~~ ~~NEZINGANE~~ ZABO
IBESE NIQHUBEKE ~~NIBAHELA~~ NGENHLAMVU ~~NJENGOBA~~ KWENZEKE KULABA
ESIZOBAFIHLA NGENDLELA ~~ENONYA~~ KANGAKA ~~NGESONTO~~ ELEDLULE
EMZINI WABO ~~NA?~~ NXA ~~ABENZI~~ BALOKHU ~~BENGAMAZULU~~, NGIBUZA
UMBULO WOKUTHI SEKWENZEKENI ~~NJE~~ NGEMPELA ~~EMQONDWEMNI~~ WETHU
WOBUNTU-BOTHO? KAKUBONA NGISHO NOBUKHRISTU OBASIFUNDISA ISIHE
KEPHA SASIFUNDISWA NGUMQONDO WETHU ~~WOBUNTU-BOTHO~~. UBUKHRISTU
BAQINISA LOKHO ESASIVELE SINAKHO ~~NGENKATHI~~ ~~SENGEZA~~ NGOMGOMO
WAMAJUDA NAMAKHRISTU KOWETHU UMGOMO WOBUNTU-BOTHO.

By the way
BAFOWETHU NODADEWETHU, LOKHU OKWEHLE LAPHA KUYINDLELA ESOBALA
YOKUMEMEZELA UKUTHI SESISEMPINI! SISHADEKILE ~~UKUTHI~~
KUNGABAKHONA UMUNTU ~~OBENGASE~~ ~~ATHUMELE~~ ~~UKUBA~~ ~~KWENZIWE~~
LESISENZO SOKUCEKELA ~~PHANSI~~ ~~ESENZIWE~~ ~~KUBANTU~~ ~~BALENDAWO~~.
LESISENZO KAKUSONA ISENZO ~~SENDLUZULA~~ ~~YEZIDALWA~~ ~~EZINGABANTU~~
ENGXABANWENI NOMA ~~EMPINI~~ ~~YEZIDAKWA~~. LESISENZO SENDLUZULA
BESIHLELIWE - SIYISENZO SOKUBULALA ESIHLELWE SALUNGISELELWA
NGOKUCOPHELELA OKUKHULU. LABO ~~ABENZE~~ ~~LENTO~~ ~~ENYANYEKA~~ KANGAKA
BEBEVIVISIWE BEVIVISELWA ~~LESISENZO~~ ~~ESINONYA~~. SIYISENZO
ESINOKUCOPHELELA NEKHONO ~~LEZEMPI~~ KUSO. AMAPHOYISA KAKUFANELE
ATHUNGATHE UHLOBO LWEZIGEBENGU EZIJWAYELEKILEYO NJE. KUFANELE
ATHUNGATHE ABANTU ABAVIVISIWEYO KWEZEMPI. KANGIBAZI LABABANTU

ABAVIVISWE NGOKWEZEMPI ~~ABABULALE~~ ~~LABABANTU~~ ~~BAKITHI~~ NGONYA
OLUNGAKA UKUTHI ~~BANGOBANI~~. KEPHA ~~SIYAKWAZI~~ UKUTHI KUKHONA
AMALUNGU OMKHONTO WESIZWE (MK) AVIVISELWE UKUBULALA ETRANSKEI
ANGAMULA IMINGCEELE ~~ESUKA~~ ~~ETRANSKEI~~ ~~EZOBULALA~~ ABANTU
ESIFUNDENI SAKITHI ~~NGALENDLELA~~ ^{ly} ~~ESABEKAYO~~. KANGISHO ~~KHONA~~
UKUTHI NGUMSEBENZI WABO LO. KANGIKUSHO LOKHO ~~NAKANCANE~~ NJE.
ENGIKUSHOYO NJE YIKUTHI ~~NGIYAKWAZI~~ UKUTHI KUKHONA ABANTU
ABAVIVISIWEYO ABEHLA ~~BENYUKA~~ PHAKATHI ~~KOMNGCELE~~ WELAKWAZULU
NETRASNKEI, ABANYE BABO ~~SEBEKE~~ ~~BABOSHWA~~ BEPHETHE UHLU
LWAMAGAMA ABANYE ~~ABAHOLI~~ ~~BEQEMBU~~ ~~LENKATHA~~ ~~YENKULULEKO~~
ABAZINGELWAYO UKUZE BABULAWE NJENGOBA ININGI LENU LAZI. *by amant*

NXA UMUNTU ETHUNGATHA ISILWANE ESITHILE ENDLE ~~ESIDLA~~ UKUDLA
EMASIMINI, KAWUHAMBI ~~UYE~~ ~~EZINTABENI~~ ~~UYOSITHUNGATHA~~ KHONA,
UTHUNGATHA IMBANGELA ~~KHONA~~ ~~LAPHO~~ ~~LAPHO~~ ~~KWENZEKA~~ KHONA
UMONAKALO. WONKE UMUNTU OLAPHA UYAZI UKUTHI ~~KULAPHO~~ ~~LAPHO~~
KUFANELE SITHUNGATHE ~~KHONA~~ ~~LABABENZI~~ ~~BALESISENZO~~
ESENANYEKAYO.

NGICELA UKUNIBUZA, NGABE UMNU. HARRY GWALA USEKUZWAKALISILE
YINI UKUSHAGEKA KWAKHE ~~NGALENTO~~ ~~ENYANYEKAYO~~ ~~EYENZEKE~~ ~~LAPHA~~
NA? NGABE ~~DDOKOTELA~~ ~~NELSON~~ ~~MANDELA~~ UKHALILE YINI
EMAPHEPHANDABENI ALAPHA NAWOMHLABA UKUBA AKHIPHE UDABA LOKUFA

NOKUCEKELWA PHANSI KWABANTU NGAMAGAMA AMAKHULU NA? NGENKATHI
KUFA ABANTU EBOIPATONG KWABA ISILILO ESIKHULU. NGENKATHI
KWENZEKA INTO EFANAYO LAPHO KWABULAWA KHONA ABANTU ABANGAMA-
23 ECROSS ROADS EMPUMALANGA RANDI, KAKUZANGE KUSHIWO LUTHO
NGALOKHO. NXA ABANTU KULESISIFUNDA BEBULAWA YIZITHA ZETHU,
IMPILO IYAGHUBEKA NJE NGOKUJWAYELEKILEYO. KUFANA NOKUTHI
KAKWENZEKANGA LUTHO ENINGIZIMU NE-AFRIKA NJALO NJE NXA KUFA
ABANTU BETHU. KAKUBIKHONA LUTHO OLUBHALWA EZINHLENI ZABAHLELI
BAMAPHEPHANDABA ASENINGIZIMU NE-AFRIKA NJENGOBA KUYE KWENZEKE
NXA KUBULEWE AMALUNGBE-ANC.

KUFANELE KUBEKHONA UKUZIPHINDISELELA NGALOKHU KUNTULEKA
KOBULUNGISWA OKUJULILEYO. KAKUKHO LUTHO, KAKUKHO LUTHO,
KAKUKHO LUTHO NGAPHANSI KWAMAZULU NANGAPHEZULU KWAWOWONKE
UMHLABA, NOMA NGAPHANSI KWAWO, OLUFANELE UKUSIVIMBA UKUBA
SINGATHUNGATHI UKUZIPHINDISELELA NGOKOMBUSAZWE NGALOKHU
KUBULAWA NGOKOMBUSAZWE KWABANTU ABANGENACALA.

Ngizwazi ka HLE!
NGICELA UKUWABALA AMAZWI AMI NGAPHAMBI KOKUBA NGIWAPHIMISE.
NGICELA UKUKHULUMA NGEPHIMBO ELILINGANISIWEYO MANJE KULOKHU
ENGIKUSHOYO. KANGISHO KHONA UKUTHI UKUZIPHINDISELELA
ESIKUFUNAYO MANJE KUFANELE KUBE NGESINYE ISENZO
ESENANYEKAYO SENDLUZULULA ESENZIWA KWELINYE IQOOO LABANTU
ABANGENACALA ABANGAKOLUNYE UHLANGOTHI LWEZOMBUSAZWE. QHA,

KANGISHO LOKHO. KANGISHO KHONA UKUTHI KUFANELE KUGOBHOZE
IGAZI MANJE. ENGIKUSHOYO YIKUTHI ABENZI BALESISENZO KUFANELE
BENZIWE BABHEKANE NOMTHETHO NGAKHO KUFANELE BATHUNGATHWE KUYO
INHLANGANO YEZEMPI EBAVIVISILEYO. NGITHI NOMA NGUBANI OWENZE
LESISENZO ESENYANYEKAYO SOKUCEKELA PHANSI KUFANELE ENZIWE
ABHEKANE NOMTHETHO. NGITHI IQEMBU LENKATHA YENKULULEKO
KULOKHU KUFANELE LISUNGULE IBUTHO LABAMELI NAMASHOSHOZELA
ABAZOTHUNGATHA UMKHONDO WAMAQINISO BAWETHULE NGAPHAMBI
KWEKOMIDI LIKAZWELONKE LOKUTHULA.

LEZIZINTO KUFANELE SIZENZE KEPHA NGEKE ZENELE. ABANTU
KUFANELE BENZE YONKE INTO ABANOKUYENZA UKUSHESHISA UHLELO
LOKUSUNGULA AMAQOO OKUZILODOLOZA NOKUBA BASICELE UKUBA
SIBAHLELELE UKUVIVISWA OKUNGADINGWA YILAWOMAQOO
OKUZILODOLOZA. KUFANELE KUBEKHONA INDLELA ABANTU ABAPHENDULA
NGAYO KULOLUHLOBO LOKUBULALA NOKUCEKELA PHANSI PHAKATHI
KWABO.

NGIKHULUMA NANI NGAMAZWI ABALIWEYO NAKHETHIWEYO. NGIYAPHINDA
NGITHI ISENZO ESIFANA NALESI SIYIKUMEMEZELA IMPI. SIYINSELELO
EPHONSWAYO NAMHLANJE NGAKHO NGIZOYICOSHA NAMHLANJE
LEYONSELELO. NGIZOGADLA LAPHO KUZOZWELA KHONA KAKHULU,
NGALOKHO NGISHO UKUGADLA NGOKOMBUSAZWE. NXA SEKUZA
ENDLUZULENI ABANTU BANGASE BATHI SEKWENELE, KEPHA MINA

NJENGOMENGAMELI WEDEMBU — LENKATHA — YENKULULEKO — KUZODINGEKA
UKUBA NGIBEKHONA — LAPHAYA — PHAMBI — KWABANTU — NGIQINISEKE UKUTHI
NGEKE KUBEKHONA — IMIVUZO — YOMBUSAZWE — NGOKUFANA — NOKUCEKELA
PHANSI ESIHLASELWA NGAKHO — YIZITHA ZETHU.

NGITHI KUFANELE — SITHI — SEKWENELE, — FUTHI — KUFANELE
SIZILUNGISELELE UKUZIVIKELA — KULOLUHLORO — LOKUHLASELWA
NGENKATHI SIZIZUZELA UKUNGOBA KWEZOMBUSAZWE LOKHUKUHLASELWA
KWETHU OKWENYANYEKAYO OKUZOSINIKEZA KHONA NAKANJANI. KANGISHO
KHONA UKUTHI ABANTU KABAHLOME — BABULALE. LESOSIKHATHI
KASIKAFIKI FUTHI — SIKHULEKA — KUNKULUNKULU — UKUBA SINGAFIKI.
KASIKAZE SITHI — KAKUBEKHONA ABABULAWAYO NGENKATHI SIHLASELWA
NGENDLELA EFANAYO — ESIKHATHINI — ESIDLULE. KASISHO UKUTHI
KUFANELE KUBEKHONA IGAZI ELICHITHEKAYO NAMANJE.

NGICELA UKUYICACISA KAHLE INDAWO ENGIMI KUYO. NXA KUBAKHONA
UKUHLWITHWA KWAMANDLA — OMBUSO — KULELIZWE — KUSHO — UKUTHI
KUYOBAXHONA IMPENDULO YENDLUZULA EYOZAMAZAMISA YONKE I-AFRIKA
ENGUMAMA WETHU. KUYOBA YIMPENDULO ENAMANDLA ANGAKAZE ABONWE.
IYOBBHUBHISA NOMA — YIMUPHI ^{husho} — UHULUMENI — OHLWITHE — AMANDLA.
NGIYANCENGA NGINXUSA — UDDOKOTELA — MANDELA — UKUBA — AWULALELE
UMLANDO UKHULUMA. KUFANELE AKUGAPHELE OKUSHIWO NGUMLANDO.
KUFANELE ANGALENZI — IPHUTHA — NJENGOBA — LENZIWA — YIGHAWE ^{hahle}
ABELINCOMA U-SADDAM HUSSEIN.

UHUSSEIN WAHLWITHA AMANDLA, WAPHIHLIZA I-KUWAIT WACABANGA
UKUTHI UYOKWAZI UKUVIKELA LOKHO AYEKUHLWITHILE. WAKHULUMA
NGESIBINDI NGOKUNQOBA IMPI AYICHAZA NGOKUTHI INGUMAMA
WAZOZONKE IZIMPI EKUVIKELENI LOKHO AYEKWENZILE. KWABANGEMUVA
KWAMAVIKI AMBALWA NJE LAPHO AMANDLA AMAKHULU AMABUTHO
OBULUNGISWA AMNQOBA KHONA U-HUSSEIN.

UMUNTU WABHEKANA NESEHLO ESIYISIMANGALISO LAPHO AMAZWE
ABAMBISENEYO AHLWITHA KHONA IZWE LASE-KUWAIT EMAZISHENI
EBHUBESI ELINDLAKA ABESELEDEDELA IBHUBESI UKUBA LIZIHAMBELE
BECABANGA UKUTHI SELISIFUNDILE ISIFUNDO. MINA NGITHI
OBAMBISWANENI LWE-ANC/SACP/COSATU NXA NIHLWITHA AMANDLA
OMBUSO NIYOBANGU-SADDAM HUSSEIN OWACOBOSHISWAYO, FUTHI NINA
NGEKE NIBE YIBHUBESI ELIYODEDELWA LIZIHAMBELE NXA SESINCPHUCE
ININGIZIMU NE-AFRIKA.

NGITHI LELOTHUBA LOKUHLWITHA AMANDLA LIYITHUBA ELESABEKA
NJENGELINYE ITHUBA ESESIVELE SIBHEKENE NALO. LEMIKHANKASO
YOKUSEBENZISA UQUQABA NOKUDUBA KWABATHENGI ESETSHENZISWA
NGAMALUNGU OBAMBISWANO LWE-ANC/SACP/COSATU NJENGEZIKHALI
ZOKUCEKELA PHANSI UMNOTHO IFANA NAMANZI OKUNISELA ISIHLEHLA
SENDLUZULA.

IZINGA OKUPHOQELELWA NGALO IMIKHANKASO YOKUDUBA IZITOLO PHEZU
KOMPHAKATHI EZINDAWENI EZIFANA NASERICHMOND NASEMOOI RIVER
NJALO NJE NGEMUVA KWAMAVIKI AMBALWA KALUSEHLUKENE NOKUCEKELWA
PHANSI KOMNOTHO WETHU, NOKUBULAWA KWABANTU BAKITHI KANCANE
KANCANE NGOKUBANCISHA UKUDLA UKUZE BAFE NANGOKUDLULISELA
IZINKINGA ZETHU ZOBUPHOFU, UKUDLULISELWA KOBUPHOFU
BEMIPHAKATHI YAKITHI EMHLOPHE NEMNYAMA NGALEMIKHANKASO
YOKUDUTSHWA KWEZITOLO EPHINDAPHINDWAYO KAKWEHLUKENE
NOKUZINQUMA OQHOQHOQHO, SEKUVELE KUZICEKELE PHANSI IZIMBONI
EZININGI EZINCANE NGOKWENZA OSOZIMBONI BABEMPOFU
NANGOKUNCISHA ABANTU BAKITHI AMATHUBA EMISEBENZI EVELE
IYINDLALA, LOKHU KIMI KUFANA NENTO YAMABOMU NJENGAYO
INDLUZULA LE ESIBUTHE LAPHA KULEZIZIMO EZIYINHLEKELELE,
EQINISWENI KUNDLUNYE UHLANGOTHI LWAYO INDLUZULA NGOBA
UKUCEKELWA PHANSI KWEZIMBONI NEMISEBENZI NJENGOBA SIKUBONA
KWENZEKA LAPHA ERICHMOND KUKHWEZELA WONA AMALANGABI
ENDLUZULA.

NGISWELE AMAZWI OKUCHAZA UKUDUMALA KWAMI NGOKUBA KUBENABANTU
ABANINGI KANGAKA KUBAHOLI BE-ANC ABANGAKUGONDI KWAKHONA NJE
UKUTHI BABHEKENE NANI. YININGIZIMU NE-AFRIKA LE, KAKULONA
IZWANA ELINCANE NJE ELINTENGAYO. NOMA YIKUPHI UKUHLWITHWA
KWAMANDLA KUYOCHITHWA NGABANTU NGENDLELA EYOKWENZA IMIKHAKHA
ENAMANDLA KUNAYOYONKE KU-UNITA NAKU-RENAMO IFANE

NOBUTHAKATHAKA BENGANE — ENCANE — NXA — KUDHATHANISWA. IGALELO
LOKULWA NOKUVUKELWA KOMBUSO LIYOLIBHUBHISA LELIZWE NXA
KUDINGEKA. THINA NJENGESIZWE KASISOZE — SATHOBELA UHULUMENI
ONTSHONTSHE UKUNQOBA KUBANTU NGAMANDLA ESIBHAMU SOHLOBO LWE-
AK-47. YILEYO NALEYONHLAMVU — YESIBHAMU — SOHLOBO LWE-AK-47
EDABULA ISIFUBA SOMUNTU ONGENACALA — IJULISA INTUKUTHELO YETHU
NOKUZIMISELA KWETHU — NGOKUBA — SINGAKUVUMELI — UKUHLWITHWA
KWAMANDLA NOKUBUSWA NGESIBHAMU SOHLOBO LWE-AK-47. @

LOKHU KUBUYE KUCEKELE PHANSI — NANOMA YIMAPHI AMATHUBA AKHONA
OKUVUSELELA UKUBONISANA. NINGAKUCABANGA NJE UKUTHI KUYA
NGOKUYA KUBANZIMA KANGAKANANI UKUHLALA EDUZE KWALABO ABAHLELA
LOLUHLOBO LWENDLUZULA — NA? SINGABAKANJANI — NOKHETHO
OLUKHULULEKILEYO NOLWENTANDO — YENINGI — KULEZIZIMO NA? LOKHU
KUGINISA KHONA UKUTHI UKUHLWITHWA KWAMANDLA OMBUSO KUYITHUBA
UBAMBISWANO LWE-ANC/SACP/COSATU — ABANGAKALIDICILELI — NEZE
PHANSI.

KEPHA KUFANELE NGIXWAYISE UKUTHI UKUQOKA ITHUBA LOKUHLWITHA
AMANDLA OMBUSO KUFANA NOKUDLALA — NGOMLILO — NGALEZIZIZATHU
ESENGIZISHILO. *

MANJE SENGIGUQUKELA — KOMAMA — ABAFELWEYO, — ABAFELOKAZI
NAWODADEWABO NGITHI EKUGCINENI NIZOBONA UKUTHI SIZONQOBA
ABATHANDEKAYO BETHU KABAFELANGA IZE. AMAGAMA ABO AZOKWENGEZWA
EZINHLWINI ZAMAQHAWA AFELA UMZABALAZO UKUZE SIKHULULEKE

THINA...../9

THINA. NGIYAZI UKUTHI—KINI—UKUBA—NABATHANDEKAYO BENU
ABANGAMAGHAWA AFELE—UMZABALAZO—KUYINDUDUZO—ENGASHOLUTHO.
KAKUKWAZI UKUNINXEPHEZELA NGOKULAHLEKELWA YIBO NOKULAHLEKELWA
NGABANTU ABEBONDLA IMINDENI YENU.

NGITHI KINI—BOMAMA—ABANEZINHLIZIYO—EZHILUKUMEZEKILEYO
SIYAKUZWA UKUKHALA—KWENU—SIYABUBONA—UBUHLUNGU BENU,
SIYANIQINISA, SITHI KINI, UNKULUNKULU AZE ABASIZE LABO ABENZE
LENTU ESABEKA KANJE KINI.

NJALO NJE—NXA—KUKHONA—LOLUHLOBO—LOKUBULAWA KWABANTU
NGENDLUZULA, OMAMA BASE—AFRIKA BAYATHUTHUMELA NAWOMAMA YONKE
INDAWO BAYAYIZWA IMINJUNJU YOBUHLUNGU BENU. NXA SELUFIKILE
USUKU LOKUNGOBA SEKUKHONA NOMPHAKATHI OQHUTSHWA NGEMIGOMO
UMZABALAZO OSEWAYENZA—YABA—YIMIGOMO—EHLONIPHEKILEYO,
SIYDYIGCINA IPHILA—NJALO—INKUMBULO—YALOKHO—OKWENZIWA
YISIFAZANE ESIMNYAMA UKUQINISA UMZABALAZO.

NGIGUQUKELA KWABESILISA—BALEDAWO—NGITHI—KINI—BINANI,
NIBENAMANDLA EBUTHO ELINESIBINDI NEGINISO BEBENGAGADLI NJE
KUPHELA NGOBA—NITHUKUTHELE. UKUNGOBA—KUZOBA—NGOKWENU
EKUGCINENI. EMADODENI ALEDAWO NGITHI LESISEHLO ESESABEKAYO
KUFANELE SINENZE NIBE YIMBUMBE. KUFANELE NIBENOKUZIMISELA

OKUKODWA - UKUNGOBA UMZABALAZO WENKULULEKO NGENDLELA OKHOKHO
NAMAQHAWA AKINI. — OMZABALAZO — AYDYINCOMA. NINGAVUMELI
UKUPHANDLWA YINTUKUTHELO. KUFANELE INTUKUTHELO INIQINISE. ♀

NGITHI EZINSIZWENI ZALENDAWO, ZIKHETHELENI UKUBA YINGXENYE
YOMKHAKHA OZOPHETHA — NGOKUNGOBA. GOKANI — IZINHLANGOTHI
ENIZOCHEMA NGAKUZO MANJE. MANINI NGEMUVA KWAMI NAZI UKUTHI
KUFANELE SILUNGELE NOMA YINI ESIHLALELEYO. NGIYAYINCOMA
INTSHA YETHU. IBE — NESIBINDI — NOKUNYAMEZELA NETHEMBA
EMZABALAZWENI, KANAVUMA UKWENZIWA AMAVAKA NOKUBA NILINGISE
IZILWANE ZASENDE EZIZINGELA EZINYE. ♀

NGIGUQUKELA EMANTOMBAZANENI NASEZINTOMBINI ZALENDAWO NGITHI
NGIYAZI UKUTHI — ININGIZIMU — NE-AFRIKA — ENTSHA — IZOZALWA
EZIZALWENI ZENU. NINA KUBOBONKE ABANTU BASENINGIZIMU NE-
AFRIKA YINI — ENINETHUBA — ELIKHULU. SILWELA IKUSASA LENU
NEKUSASA LEZINGANE — ZENU. SIZOQINISEKA NGOKUBA KUBEKHONA
UBULUNGISWA KWEZOMBUSAZWE. BEKUNGASOZE KWABAKHONA UKUGOTSHWA
KWESITHA FUTHI KAKUSOZE KWABAKHONA UKUNGOBA OKUZOBAXHONA,
UKUBA ISIFAZANE ESIMNYAMA SENINGIZIMU NE-AFRIKA BESINGEWONA
UMKHAKHA ONAMANDLA WENINGIZIMU NE-AFRIKA ABAYIWO. ♀

EKUGCINENI SENGIGUQULA — NGITHOBISA — IKHANDA — NENHLIZIYO
ENOKUZITHOBA NGIGUQUKELA KUNKULUNKULU NGITHI KUYE, NKULUNKULU
WAMI, KASIZIQONDI IZINDLELA ZAKHO. SITHI KUWE KASIBUGONDI

UBUHLUNGU NOKUHLUPHEKA. SITHI ~~KASIKUGONDI~~ UKUTHI ZENZEKA KANJANI LEZIZINTO ~~EZESABEKAYO~~. SITHI ~~KUWE~~ NKULUNKULU WETHU KASIKONDI, KEPHA ~~SIYAKHOLWA~~. SITHI KUWE SINIKELA ABAFOWETHU NAWODADEWETHU NEZINGANE KUWE, SIYAKUCELA UKUBA WENGEZE UMUSA WAKHO NOTHANDO LWAMANDLA AKHO KULAMAZWI OKUDUDUZA ENGIWALETHE. KWABAFELWEYO LAPHA NAMHLANJE. @

KULABO ABAFELWEYO NGITHI, NOMA KUNZIMA KANGAKANANI UKUKHOLWA, KUFANELE NIKHOLWE UKUTHI LABO ABABULELWE NGESIHLUKU ESINGAKA, SEBEPHEPHILE MANJE ~~FUTHI~~ ~~BAYAZISWA~~ ~~LAPHO~~ BEKHONA. KHOLWANI FUTHI ~~NAZI~~ ~~UKUTHI~~ ~~BAYAMAMATHEKA~~ ~~BAYANIPHAKAMISA~~ FUTHI BAYANITHANDA LAPHO BEKHONA. *NJENGAMANTJE @*

NGITHOKOZA KAKHULU NGOKUBA AMALUNGU OMPHAKATHI OMHLOPHE ALESISIFUNDA ABELAPHA UKUZOHLANGANYELA LOBUBUHLUNGU NATHI. IKUSASA ELIMISELWE IMIPHAKATHI YETHU YOMIBILI LIHLANGENE NGENDLELA ENGENAKWEHLUKANISEKA. SETHEMBELE OMUNYE KOMUNYE NJENGABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA. EKUGCINENI LINYE IKUSASA ESIMISELWE LONA. NXA SISHABALALA NJENGEZIDALWA EZINGABANTU KUFANELE SIKHUMBULE AMAZWI KA-JOHN DUNNE ATHI "UNGASHO UKUTHI IZINSIMBI ZIKHALELA BANI, ZIKHALELA WENA NAMI." THINA NJENGABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA SIYOPHUMELELA SINDAWONYE

NOMA SIBHUBHE SINDAWONYE. SIKUTHOKOZELA KAKHULU UKUBAKHONA
KWENU LAPHA —NAMHLANJE— FUTHI— KUGCIZELELA LONA IQINISO
LOKUTHEMBELA KWETHU —OMUNYE— KOMUNYE. KAYIKWAZI UKUBAKHONA
ININGIZIMU NE-AFRIKA YANGOMUSO NGAPHANDLE —KWABAMHLOPHE,
NJENGOBA INGAKWAZI —NJE— UKUBAKHONA —ININGIZIMU NE-AFRIKA
YANGOMUSO NGAPHANDLE KWABAMNYAMA. a

NJENGOBA NGISHILO EKUGALENI, KAKUKHOLUTHO ENGINGALUSHO
UKUSUSA UBUHLUNGU KINI ENILILAYO. NGIXOLELENI NGOKUNGABI NABO
UBUCIKO BAMAZWI —OBUNGASE— BUKWAZI— UKULUNGISA YONKE INTO.
UNKULUNKULU ABE NANI EZINSUKWINI, EMAVIKINI NASEZINYANGENI
ZOBUHLUNGU EZISANIHLALELEYO. QINANI OKHOLWENI—BANTU BAKITHI.

-----0-----